# Ukwethulwa kweSabelo-mali sonyaka ka-2014-2015 soMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natal esethulwa eSishayamthetho sesiFundazwe nguMhlonishwa uMnuz Ravigasen Ranganathan Pillay oyiLungu loMkhandlu oPhethe KwaZulu-Natal

**Mhla ka-15 August 2014**

Somlomo,
AmaLungu ahloniphekile esiShayamthetho,
Amakhosi,
Bafowethu nodadewethu,
Maqabane

## 1. ISENDLALELO

Ngithanda ukuqale nginibonge nonke ngokusibekezelela yize siqale lo msebenzi seliyozilahla kunina. Kuyintokozo kimina ukunibona nikhombisa intshisekelo engaka, kanti lokhu ngikuthatha ngokuthi sizinikele emsebenzini esijutshwe ngumphakathi ukuba siwenze.

Lesi sabelo-mali singesokuqala ukwethulwa wuMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi njengoba sazi sonke ukuthi lobu buholi obukhona njengamanje bungobesihlanu leli lizwe libuswa ngokwenqubo yentando yeningi.

Somlomo, ngithanda ukubongela ongcweti bethu abasemkhakheni wezokwakha nabo bonke ababambisene nabo kuhlanganisa abakuleli, abase-Afrika ngokunjalo nabaphesheya kwezilwandle ngokusingatha ngempumelelo i-25th International Union of Architects World Congress ebiseNkosi Albert Luthuli International Convention Centre ngesonto eledlule.

Le nkomfa yenze isifundazwe sethu saziqhenya ngokuhanjelwa ngabantu abayizi-4200 abebeqhamuka emazweni ehlukene. Kuningi obekubhungwa ngakho kule nkomfa kuhlanganisa amalungelo okuphathwa kwezakhiwo, ukuthuthukiswa komkhakha wokudwetshwa kwamapulani ezakhiwo, ukuvuleleka kwamathuba okungena emkhakheni wezokwakha, ukulingana noguquko olusalokhu luyingqinamba kulo mkhakha.

UMnyango kazwelonke wezemiSebenzi yoMphakathi kanye nathi siwuMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi nokuHlaliswa kwaBantu esifundazweni, sibeke amatafula ethu sikhangisa ngemisebenzi emqoka esiyenzela umphakathi. Imisebenzi yethu ihlabe umxhwele izithunywa eziningi kakhulu ebezivela emazweni ayi-102 abeyingxenye yale nkomfa.

Ngithanda ukubonga kakhulu uNgqongqoshe WoMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi kuleli ngokukhombisa intshisekelo nangokuseseka kwakhe ukuze sisingathe le nkomfa ngempumelelo. Ngithanda ukubonga kakhulu kwaboMkhandlu weTheku ngokuhlela zonke izinto ngesinono nabasebenzi bethu abenze konke ukumaketha nokwamukela izivakashi zethu. Ozakwethu basebenze ngokungaphezu kwamandla benza imisebenzi eyahlukene ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi lenkomfa iba sezingeni lomhlaba.

Ukuba yimpumelelo kwe-25th International Union of Architects World Congress kusihlinzeke ngethuba elikahle lokudweba isithombe esicacile ngezinhloso ezinkulu esinazo zamakhulu-nyaka amabili ezayo. Phakathi kwalezi zinhloso singabala uhlelo lokuthuthukiswa kwengqalasizinda ezokudla u-R4 trillion esizoluqhuba ngaphansi kweKhomishana kaMengameli yokudidiyela izinhlelo zokuthuthukiswa kwengqalasizinda (PICC).

## 2. UHLELO LUKAZWELONKE LOKUTHUTHUKISWA KWENGQALASIZINDA

Somlomo namaLungu ahloniphekile, nizokhumbula nonke ukuthi uhulumeni uphasise uHlelo lukaZwelonke lokuThuthukiswa kweNgqalasizinda ngowezi-2012, okuhloswe ngalo ukuletha uguquko kwezomnotho, kanti ngesikhathi esifanayo lube luhlinzeka ngamathuba amaningi emisebenzi futhi luqinisekisa ukufuqwa kohlelo lokuhlinzekwa kwezidingo zomphakathi.
Ngithanda ukukubeka kucace ukuthi intuthuko yezwe lethu incike kakhulu kwimpumelelo yoHlelo lukaZwelonke lokuThuthukiswa kweNgqalasizinda. Uma uhulumeni ezotshala imali ngalolu hlobo, angingabazi ukuthi sizophuma enkingeni yokuntenga komnotho esibhekene nayo bese kukhuthazeka nabamabhizinisi azimele ukuxazulula inkinga ababhekene nayo yokutshala izimali.

Iminyaka emithathu yokuqala yokusebenza kwalolu hlelo kusukela ngonyaka wezimali ka-2013/14, lowo obenguNgqongqoshe wezezeMali phambilini, umemezele ukuthi kubekwe eceleni u-R827 billion wokwakha ingqalasizinda entsha nokulungisa evele ikhona kuleli.

Lolu hlelo luzokwenza kube lula kubantu baseNingizimu Afrika ukuthola usizo lwezempilo olusezingeni eliphezulu, izikole, amanzi ahlanzekile, ukuthuthwa kwendle, ukwakhiwa kwezindlu nokufakelwa kukagesi. Ngesikhathi esifanayo lolu hlelo luzophuthumisa ukwakhiwa kwezikhumulo zemikhumbi, imigwaqo, ojantshi bezinga eliphezulu, izikhungo zokuphehla ugesi, izibhedlela namadamu okuyizinto eziwumgogodla wokusimama komnotho.

UMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi yiwona okumele uhambe phambili kuzona zonke lezi zinhlelo. Ngakho-ke kumqoka kakhulu ukuthi lo Mnyango uthole abantu abanamakhono afanele ngokunjalo nezinsiza kusebenza zezinga elicokeme ukuze ukwazi ukufezekisa yonke lemi sebenzi engenhla. Kumqoka ukuthi ngikugcizelele ukuthi uMnyango wethu, uphinde uhole iThimba lesiFundazwe eliBhekele ukuThuthukiswa kweNgqalasizinda.

Nizokhumbula futhi bozakwethu ukuthi ngesikhathi uMengameli ethula inkulumo ayibhekiswe esizweni ka-2014, ukucacisile ukuthi phakhathi kwabazohlomula kakhulu esifundazweni sethu kubalwa uMzinyathi District Municipality njengoba kuzotshalwa imali eningi yokufakelwa kukagesi emizini eminingi ezindaweni okubalwa kuzona uMsinga, Umvoti neNquthu.

IKwaZulu-Natali ivele isihlomule ngohlelo lwe-Mooi-Mngeni Transfer Scheme, oluhlanganisa ukwakhiwa kwe-Spring Grove Dam nesiteshi sokuphampa amanzi.

Kuzomele singakhukhohlwa bozakwethu ukuthi iNingizimu Afrika ikhula ngokushesha ezingeni lokuthi zonke izingxenye zibe ngamadolobha. Ngonyaka wezi-2011, bebebalelwa ku-63% abantu abese behlala ezindaweni ezingamadolobha, kanti lokhu silindele ukuthi kukhule kakhulu eminyakeni ezayo. UMengameli ukugcizelele kakhulu ukuthi yini okumele kugxilwe kakhulu kukhona ekuthuthukiseni ohulumeni basekhaya eminyakeni eyisihlanu ezayo, yindlela esibhekana ngayo neqiniso ngezakhiwo ezizishaya samadolobha ezingahlelekile ezilokhu zikhula.

UHlelo lukaHulumeni oluDidiyelwe lokwaKhiwa kwamaDolobha luzosicacisela ukuthi uhlelo lokwakhiwa kwamadolobha eNingizimu Afrika, luzokwenza ukuthi amadolobha abe nezinsiza eziningi, abe yizindawo ezifanele zokuhlala umphakathi eminyakeni engama-20 kuya kwengama-30 ezayo.

Uhlelo lwethu lokusebenza lweminyaka eyisihlanu ezayo luzohambisana nezethembiso zokhetho ebezizohlwini ze-ANC obelungasekuqaleni kwalo nyaka, futhi luzohambisana nemigomo emqoka kahulumeni wethu.

## 3. UHLELO LOKUPHUTHUNYISWA KOGUQUKO KWEZOMNOTHO

Ukulethwa koguquko kwezomnotho kungenye yezinto eziseqhulwini ohlwini elwezinhlelo zethu. Ngizothanda ukucaphuna amazwi kaMengameli awaphimise ngesikhathi ethula inkulumo yesizwe: "Uguquko ngeke silubone uma singafingqi imikhono. Umnotho yiwona oseqhulwini kulolu hlelo. Namanje sisakholelwa ekutheni isikhali esikahle sokulwa nobubha, wukusungulwa kwamathuba emisebenzi, hhayi nje imisebenzi engatheni, kodwa leyo ezobamba iqhaza elibambekayo ekuthuthukeni komnotho."

Sizibophezele ekusunguleni amathuba emisebenzi eyizigidi eziyisithupha ngaphambi konyaka wezi-2019. Imisebenzi eminingi izovela oHlelweni oluNwetshiwe lwemiSebenzi yoMphakathi (EPWP), okuyilona oluhlinzeka ngamathuba emisebenzi kanye noqeqesho kubantu abahleli emakhaya. Ukusungulwa kwamathuba omsebenzi akuwona nje umdlalo wepolitiki, kodwa sizinikele kukhona. Kuwumongo womsebenzi wethu futhi kumqoka ukuthi sikugcizelele kuyona yonke iminxa yokusebenza kwethu.

Kule minyaka emibili yezimali eyedlule, ngizibophezele ekutheni uMnyango wami ubambe iqhaza elibonakalayo ekusungulweni kwamathuba omsebenzi. Ngiyazigqaja ngokusho ukuthi sikwazile ukufezekisa lesi sethembiso ngaphansi koHlelo oluNwetshiwe lwemiSebenzi yoMphakathi. Ngizokwenaba kabanazi ngezindawo uMnyango wami obugxile ngqo kuzona.

Ngithanda ukugcizelela ukuthi uguquko kwezomnotho alugcini nje kulezi zinhlelo, ezinhle esinazo. Inqubo-mgomo yokukhishwa kwemisebenzi kumele icacise kabanzi ngokusebenza kwenqubo yalezi zinhlelo, ngoba kuyacaca ukuthi inqubo esisebenzela phezu kwayo njengamanje, kayitheli zithelo. Ngakho-ke angeke salokhu senza into bese silindela umphumela owehlukile.

Nizokhumbula ukuthi ozakwethu ababili esinabo kwiKhabhinethi, okungowoMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVaksha nezeMvelo kanjalo noweziMali, baphansi phezulu nohlelo lokuhlola umthelela wendlela esikhipha ngayo imisebenzi ukufezekisa ngenhloso yokufezekisa izinhloso zethu. Noma kunjalo, nginenkolelo yokuthi esikhathini esizayo kuyomele sikuqaphelisile ukusetshenziswa kweNqubo yokuKhishwa kweMisebenzi ngokohlelo lokubhekelele abebecindezelekile phambilini. Lokhu kumele kudidiyele amaphesenti abekelwe abebencishwe amathuba eceleni. Ngithanda ukugcizelela le ndlu ukuthi ukuqiniswa kwale zinhlelo kuzoluletha nakanjani uguquko emphakathini wakithi obuswa ngokwenqubo yentando yeningi.

UMhlonishwa uThulas Nxesi onguNgqongqoshe kazwelonke ukubeke kwacaca kwinqubomgomo ukuthi: "UMnyango unesibopho sokuqhamuka noguquko emkhakheni wezokwakha, NjengoMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi, sinomthwalo wokufezekisa lo mbandela. Kumele sakhe inqubomgomo ecacile yeBEE, kodwa sibhekelele kabanzi inkohlakalo nesimo lapho abamhlophe bevula izinkampani besebenzisa abebala elimnyama, okuyisimo esihlale sisibona senzeka. Lokhu kumele sithi sikwenza sibe sibhekelela ukukhuphukela ezingeni le-Broad-Based BEE, sibe futhi sibhekelela ukuthi sisebenzisana nozakwethu ohlelweni lweBEE abatshala izimali

ezishisiwe , hhayi labo abajaha amathenda".

Ingihlaba umxhwele incazelo yegama le-"rent-seeking" ngoba ngibona singafunda lukhulu kulona: "Ukusebenza ubuhlakani bokugaya izinombolo kwipolitiki ukuthuthukisa kokuvele kukhona ngaphandle kokuqala phansi ezimpandeni".

## 4. IMISEBENZI KANYE NOKULUMBANISWA KWAYO

UMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi usalokhu uqhubekile nokuhlinzeka eminye iminyango kahulumeni ngezidingo zokuthuthukiswa kwengqalasizinda nokusingathwa kwezakhiwo. Lo Mnyango wakha izakhiwo, ubhekelele ukuphepha kwazo bese uqikelela ukusingwthwa kwamabhilidi amadala angasasetshenziswa.

Yonke lemi bandela iqhutshwa ngokulandela uHlelo lweNgqalasizinda lwesiKhathi esiMaphakathi (MTSF) noHlelo loMnyango lwezi luka-2014-2019.

Ukuqaliswa kokusetshenziswa kwalolu hlelo kuhambisana nenqubomqomo kazwelonke neyesifundazwe ngaphansi koHlelo lweNtuthuko kaZwelonke, (NDP), uHlelo lokuKhuliswa nokuthuthukiswa koMnotho lwesiFundazwe (PGDP) kanye nezinye izinhlelo ezithintekayo. Kumele sikugcizelele ukuthi i-NDP ithola ukwesekwa njengohlelo oluyihlaba esikhonkosini lokuthuthukiswa kwezwe.

## 5. UKUSIMAMISWA KWEQHAZA LEMISEBENZI YOMPHAKATHI

Ukubuyekezwa koHlelo lwesikhathi esimaPhakathi sokuSetshenziswa kweziMali luka-2013/2014(MTEF) lubheka iqhaza lo msebenzi iKhabhinethi yaKwaZulu-Natali elithwese uMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi ekulungiseni ingqalasizinda nasemkhakheni wokuphathwa kwezakhiwo.

Umbandela wokusebenza kwethu kuseyilowo wokuba ngo ngqa phambili ekulungisweni kwengqalasizinda, ukubhekelela impahla eyizakhiwo nokwengamela izakhiwo zikahulumeni. Sesiphinde sanezelwa umbandela wokudidiyela i-Provincial Infrastructure Action Group okuyiyona ebika ngqo kwi-Economic Sector and Infrastructure Development (ESID) Cluster, kwiKhomishana nokuHlelwa kwesiFundazwe nakwiKhabhinethi.

UMnyango wethu uphinde ube yilungu eligcwele leThimba lezoMnotho, kanti ubophezelekile ukwenza umsebenzi ngendlela ehambisana nezinhloso-ngqangi zeThimba lezoMnotho. UMnyango ususungule izindlela ezibambekayo ukuze umelane nazi zinhloso-ngqangi ezibekiwe. Somlomo, ngiyacela ngemvume yakho ukubika ngezinhlelo ngazinye uMnyango onazo nangesimo sohlalo-mali.

## 6. UHLELO LOKUQALA: UKUSEBENZA KWANSUKU ZONKE (U-R 332 381 000)

Inhloso yalolu hlelo ukuhlinzeka ngamasu aphusile, ukuphatha ngendlela efanele nokuqinisa izinhlelo zemisebenzi ka.MEC. Lolu hlelo lusiza ngemali izinhlelo ezimqoka okubalwa kuzona ukuphathwa kwezimali, izindaba zehhovisi labasebenzi, ezomthetho, ezokuphepha, ukuhlelwa

kwezinhlelo, ezokuxhumana, ukuphathwa kwezinhlelo zolwazi olubucayi, ukulawulwa kobungozi nokuhlola uhlelo lonke lokusebenza.

### 6.1 UHlelo lokuThuthukiswa kwamaKhono

Ngonyaka wezimali ka-2013/2014 uMnyango ugcwalise izikhala eziyi-194, kanti ezingama-26 kuzona bezokuzemisebenzi emqoka nezingama-33 zeminye imisebenzi. Noma siziqhenya ngale mpumelelo, kodwa ubuningi bezikhala zomsebenzi okumele zivalwe, kusalokhu kuyinselelo kithina. Sizolokhu siqhubeke njalo nokuvala izikhala ezikhona.

Lolu hlelo kithina kaliphazanyiswa nje kuphela amaholo aphansi, kodwa lulinyazwa kakhulu wukuthi abasebenzi bethu abanamakhono angandile, bafunwa ubuthaphuthaphu ngabantu ababathembisa imisebenzi engcono. UMnyango ususungule iNqubomgomo yokuGcina abaSebenzi, kodwa ngenxa yohlelo lwamaholo aphansi kuhulumeni, sithwala kanzima ukugcina abasebenzi bethu uma sincintisana namabhizinisi azimele, ikakhulu emkhakheni wezokwakha nakubasebenzi abayizifundiswa.

### 6.2 UHlelo lokuQewqesha abaSebenzi abasengamaThwasa

Kumanje sinabasebenzi abasaqeqeshwa abangama-53 abasebenza emikhakheni eyahlukene ewumgogodla wokusebenza kwethu kule mikhakha elandelayo:

***Table One: Internship Programme***

| **Umsebenzi** | **Isibalo sabaSebenzi** |
|---|---|
| Kwi-Architecture | 2 |
| Kwi-Quantity Surveyors | 11 |
| Kwi-Mechanical Engineering | 2 |
| Kwi-Electrical Engineering | 1 |
| Kwi-Civil Engineering | 2 |
| Kwi-Project Management | 35 |
| **Sebebonke** | **53** |

Kulabo abangochwepheshe emkhakheni yabo, abathathu kubona sebeqashwe ngokugcwele kanti oyedwa uzoqashwa maduze nje.

Kubasebenzi ababhekele ukulawula izinhlelo zokwakha abangama-35, abangama-26 kubona sebebhekwe ngeso elibukhali wuMnyango ukuze baqashwe unomphela ngokugcwele.

UMnyango unikezele ngomfundaze kubafundi abangama-24. Balishumi abafundi bangaphansdle

esibanikeze umfundaze asebenza unyaka wokugcina ezifundweni zabo. Ngemuva kokuphothula izifundo, bazobuya bazokwenza imisebenzi eyahlukene eMnyangwen. Baphoqelekile ukusebenzela uMnyango iminyaka emibili kuya kwemithathu njengoba kubekwe kwacaca esivumelwaneni somfundaze. Lolu hlelo luzothela izithelo ezinhle kakhulu.

### 6.3 Ukuphatha ngendlela efanele

Ukuqapha inkohlakalo kuwumgogodla walo lonke uhlelo lwethu lokulawulwa ngengcuphe. Inqubomgomo yethu yokulwa nenkohlakalo, isalokhu ime njalo, kayijiki njengoba kunohlelo lokubhekana nayo okubalwa kuzona ukubika, ukuphenya nokuvumbulula zonke izigameko zonkohlakalo nokukhwabanisa.

Uhlelo loMcwaningi-Jikelele wamaBhuku luka-2013/14 seluphothuliwe. Njengoba kucacile ukuthi uMnyango wethu uyathuthuka kakhulu ekuphathweni kwezimali zomphakathi, asinakho nokuncane ukungabaza ngokuthi sizothola umbiko ongenagcobho.

## 7. UHLELO LWESIBILI: UKULAWULWA KWEZAKHIWO (U-R 615 691 000)

Inhloso-ngqangi yalolu hlelo ukuhlinzeka ngezindawo ezingamahhovisi zokusebenzela nezinnhlelo ezididdiyelwe zokulawulwa kwezakhiwo kuyona yonke iminyango esiyilekelelayo. Lokhu sikwenza ngokohlelo oluthinta inzuzo, ukuphatha, ukulungisa nokuchithwa kwempahla engasasebenzi, ukubhekelela impahla eyizakhiwo, ukuhlolwa komhlaba, ukuhlolwa kohlu lwezakhiwo ezimile, ukukhokhelwa kwentela yezakhiwo.

### 7.1 ISIMO NGOHLU LWEMPAHLA ENGANYAKAZI

UMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi njengongqaphambili ekuphathweni kwezakhiwo zikahulumeni esifundazweni, usingethe izakhiwo ezili-11 105, umhlaba ongama-14108, konke okudidiyelwe ohlwini lwempahla enganyakazi.

Lezi zimpahla ezibalulwe nganhla kazihlanganisi izakhiwo zoMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu ezingu-7524 nengqalasizinda yomphakathi egixabezwe uMnyango wezokuThutha ongu-2558.

UMnyango usuhambe ibanga elide kakhulu ohlelweni lokudidiyela kahle uhlu kwempahla enganyakazi njengokomyalelo weGIAMA, njengoba ngonyaka ka-2013/2014 nje uwodwa kuphasiswe umhlaba ongama-3714 nezinye izakhiwo.

Impahla engama-1005 enganyakazi isibhalisiwe ngaphansi kukahulumeni waKwaZulu-Natalali ngonyaka ka-2013/2014, kanti engama-662 kuyona bekubalwa nezingama-293 ezisendaweni ezakhele uLundi eThekwini, Ladysmith naseHibiscus Coast Municipalities.

Somlomo, ngemvume yakho ngizothanda ukubonga kakhulu ngokubambisana esibe nacho neminyango esilethele ulwazi ngezinto ezithinta ukulungiswa kwezakhiwo, okufakiwe okusha, ukwakhiwa kwezakhiwo ezintsha obekwenziwa yizinkampani ezizimele. Lolu lwazi lumqoka kakhulu ohlelweni lokuthuthukiswa uHlelo lweziMpahla nasekukhishweni koMqulu wamiNyaka yonke wesimo seziMali.

Siyaziqhenya ngokuthi impahla yethu enganyakazi kayisekho engozini ohlelweni lwethu lokucutshungulwa kwamabhuku. Lokhu kungumphumela wokusebenza ngokuzikhandla, kanti ngalokhu ngibonga bonke ababambe iqhaza kule mpumelelo.

### 7.2 UkuSebenza koMthetho kaHulumeni wokuLawulwa kweziMpahla eziNganyakazi (GIAMA)

UMnyango uyakuqaphela ukunyuka kwezinto ezenziwa yiminyango eyahlukene oHlelweni lokuLawulwa koHlelo lokuSetshenziswa kweMpahla (U-AMPS). Lokhu sekwenze ukuthi uMnyango ukwazi ukusungula uHlelo oluwuMgogodla lokuLawulwa kweMpahla yesifundazwe sethu.

Ngaphezu kwalokhu, uMnyango uqhuba kahle kakhulu ohlelweni lokuhlola isimo sokuphathwa kwempahla kahulumeni wesiFundazwe. Somlomo, kuze kube yimanje uMnyango usuphothule uhlelo lokuhlola izimo zokuphathwa kwezakhiwo kanye nemitholampilo.

### 7.3 I-National Vesting Plan

UMnyango usuhambise izicelo ezingama-231 kwi-Provincial State Land Disposal and Vesting Committee (PSLDVC) ukuze zicutshungulwe wuMnyango wezokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya nokuBuyiswa koMhlaba.

Somlomo, kuyintokozo ukumemezela kule ndlu ukuthi uMnyango ususele nezicelo ezingaphansi kwe-100, esinenkolelo yokuthi zizolungiswa ngaphambi komnqamulajuqu okungumhla zingama-31 kuNdasa (March) ka-2016.

### 7.4 Ukukhokhwa kweNtela yezaKhiwo

Imali ebiyabelwe intela yezakhiwo onyakeni ka-2013/2014 ibingu-R458 219 000. Imali esetshenzisiwe ibingu-R466 799 000 elingana okusho ukuthi yeqe ngo-1.8% kwebiyabiwe. UMnyango uphothule lonke uhlelo lokukhokha ngaphambi komhla zingama-31 kuNdasa ka-2014. Kuzomele kukhunjulwe ukuthi intela yezakhiwo ngeke isakhokhelwa ngokohlelo lwe-conditional grant, kodwa isizokhokhwa ngendlela ezohlonzwa wuMnyango ngqo.

### 7.5 UHlelo lokuQeqeshwa kwabaSebenzi

Uhlelo lokucijwa kwabafundi ngaphansi kwePIP luyaphenla ngoMandulo kophezulu. Lolu hlelo selunikeze abafundi ithuba lokuqeqeshwa emkhakheni wezokuphathwa kwezakhiwo. Kubafundi abangama-43, ngiyajabula ukusho ukuthi abawu-17 kubona, sebeqashwe ngokugcwele ezikhungweni ezahlukene, kuhlanganisa uhulumeni nasezinkampanini ezizimele. Sizoqhubeka nokuthuthukisa uhlelo lokubhekelela labo abasele.

### 7.6 UkuMiswa kohlelo lwezaKhiwo ezingasebenzi

UNgqongqoshe kazwelonke usekuqinisekisile ukuthi kumiswe ukusetshenziswa kwezakhiwo ezithile, noma ukuthi impahla engasetshenziswa igcinwe ezakhiweni zikahulumeni, obekuphasiswe wuMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natali. Umhlaba uwumgogodla wohlelo lwethu

lokuqhamuka noguquko olusheshayo kwezomnotho. Eqinisweni nje, akuwakho nhlobo umqondo ukulahlwa kwempahla kahulumeni ekubeni uMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi esifundaweni uwudinga kakhulu umhlaba wokugcina impahla. Kumele sibe nenqubomgomo ecacile ezolawula lokusingathwa komhlaba, uma sizimisele ukugwema labo abaxebula umkhoma ngezakhiwo zethu.

### 7.7 Ukwakha amaBhilidi kaHulumeni eMgungundlovu

Lolu daba lusalokhu luseqhulwini njalo ezinhlelweni zikahulumeni. UMgcini-mafa wesifundazwe nguyela ohola ithimba elijutshwe ukwenza ucwaningo olunzulu nokuhlola indlela efanele yokuthola imali yokubhekana nalesi simo. Silindele ukuthi umbiko wokuqala wethulwe kuMkhandlu Ophethe wesiFundazwe ngaphambi komhla zingama-30 kuMandulo ka-2014.

Kuliqiniso elingephikwe ukuthi siqashe inqwaba yamabhilidi aphethwe yizinkampani ezizimele. Sinenkinga yokuthi abanikazi bmabhilidi batholakala eqeqebaneni elenza kubelukhuni ukuthi wonke wonke umuntu athole ithuba ukuthi angene kulomkhakha webhizinisi ikakhulukazi labo ababencishwe amathuba phambilini ngokwebala. Inkinga enkulu kakhulu kulo mkhakha wukungameleki kwabantu ngokwahlukana kwabo.
Yize kunjalo, ukuzibophezela kukaHulumeni ekulungiseni le nkinga nokuzibekela kukahulumeni umnqamulajuqu, kwenza sizibone sinomthwalo wokusebenzisa lokhu njengengxenye yokuthuthukiswa kohlelo lokukhishwa kwemisebenzi nokukhuthaza ukungena kwabantu abantu emkhakheni wokuphathwa kwezakhiwo. UMnyango kazwelonke usebenzisa uhlelo lweminyaka esukela kweyisishiyagalolunye kuya kwesiyishumi nomuvo lokuqasha amabhilidi ukuze kube lula lapho kungena abantu abasha emkhakheni wezokusingathwa kwezakhiwo.

### 7.8 Izandla Ziyagezana (IZ) Site Clearance Programme

Izandla Ziyagezana Site Clearance Programme, wuhlelo loMnyango okuhloswe ngalo ukulwa nobubha kanye nokusungula amathuba emisebenzi.

Ngonyaka wezimali ka-2013/2014 kusungulwe amathuba emisebenzi ayi-457 kanti kusetshenziswe isamba esingu-R4.8m kulolu hlelo.

## 8. UHLELO LWESITHATHU: UKUHLINZEKWA KWAMABHILIDI, IZAKHIWO NEZINSIZA KUSEBENZA (U-R422 382 000)

Inhloso yalolu hlelo ukubheka amabhilidi, izakhiwom ukubhekelela imisebenzi yezobunjiniyela nokunakekela amabhilidi.

Imisebenzi emqoka yalolu hlelo imi kahle:

- Ukuthuthukiswa kohlelo oludidiyelwe lokuhlinzekwa kwezidingo zomphakathi emkhakheni wezokwakha;
- Ukusungulwa kwamathuba emisebenzi ngaphansi kohlelo lwe-EPWP;
- Ukwakha indawo eyinkundla efanele yokuthi osomabhizinisi abasacathula basebenzele kuyona; kanye noku
- kudidiyela nokuqinisekisa ukuthi izinhlelo zoMnyango zihambisana nesimo semingcele yomasipala.

### 8.1 UKUHLINZEKWA KWENGQALASIZINDA OKUZUZIWE ONYAKENI WEZIMALI KA-2013/2014

UMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi wenzele imiNyango eyahlukene umsebenzi wenani lika-R2.37bn. Lapha sibala imisebenzi ebesiyenzela iminyanga ekleliswe lapha ngezansi: owezeMfundo u-R854m, owezeMpilo u-R1.13bn neminye edlel u-R392m isiyonke.

Kumqoka ukuthi kuhleze kuqondala kahle ukusebenza koMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi. Kuhlale kugxekwa indlela okuphethwe nokunakekelwa ngayo izakhiwo zikahulumeni. Kumele siqonde ukuthi uMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi uqalisa ukusebenza uma usuhlinzekwe ngemali wuMnyango othintekayo.

Eminye yemisebenzi esiyenzele imiNyango eyahlukene ngonyaka wezimali ka-2013/14 icaciswe kahle ezikweleni ezingezansi:

***Table Two: Projects undertaken for client Departments***

| Umsebenzi | Isibalo semiNyango | Value in the 2013/14 Financial Year |
|---|---|---|
| Izibhedlela (ukulungisa nokwengeza okuthile) | 25 | R98 534 000 |
| Imitholampilo (emisha nelungisiwe) | 10 | R33 794 000 |
| Izinkulisa (ezintsha) | 58 | R97 875 351 |
| Izikole (ezintsha nebezilungiswa) | 31 | R77 047 000 |

Kumele sikhumbule ukuthi lokhu okusezikweleni ezingenhla, kukhombisa imisebenzi ephothulwe ngalowo nyaka wezimali okukhulunywe ngawo. Isamba sika-R 2.37 billion ebesisele sihlinzekelwe izinhlelo zeminyango ezihlelelwe iminyaka emide.

### 8.2 UKUTHUTHUKISWA KWENGQALASIZINDA ONYAKENI KA-2014 – 2015

Onyakeni wezimali ka-2014/2015 kubekwe eceleni isamba esingu-R2.37bn wokwenza imisebenzi yeminyango ecazelwe imali lapha ngezansi:

***Table Three: Projects budgeted for in 2014/15***

| Project | Value in the 2014/15 Financial Year |
|---|---|
| OwezeMfundo | R 902 000 000 |
| OwezeMpilo | R 1 020 000 000 |
| Eminye iminyango | R 456 000 000 |

Kuhlelwe ukuthi kuphothulwe izinhlelo zengqalasizinda ezingama-32 kulo nyaka wezimali. Lokhu kuhlanganisa ezilishumi nanye zoMnyango wezeMfundo, ezilishumi nane zoMnyango wezeMpilo, ezimbili zoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, ezintathu zoMnyango wezoLimo neyodwa yoMnyango wezokuThutha.

Ukuqinisekisa ukuthi siyamelana nomthamo wezinhlelo zokuthuthukiswa kwengqalasizinda esifundazweni, uMnyango wethu usohlelweni lokuphothula ukuqashwa kwabantu abangongcweti ezifundeni ngasinye ukuze zikwazi ukuzimela kahle.

UMnyango ususungule uhlelo olwaziwa nge-Archibus Project Management System. Sekuphothulwe isigaba esingamaphesenti ayishumi nesihlanu esigabeni sokuqala salo msebenzi. Uhlelo lokuzwa amanzi ngobhoko luzokube selukhona eMnyangweni ngaphambi kokusongwa kukaMandulo kophezulu. Lolu hlelo kuhlelwa ukuthi luaqaliswe ukusebenza mhla lu-1 kuMbasa ku-2-15.

### 8.3 Uhlelo lokuvuselelwa kwezibhedlela

UMnyango usuphasise isamba semali enguR 407 472 000 ezobhekana nalolu hlelo kulo nyaka wezimali ka-2014/2015. Angu-46 ama-projecthi angaphansi kwalolu hlelo. Ama-projecthi angu-17 asesigabeni sokwakhiwa, ayisishiyagalombili asesigabeni sokulungiswa, amanye ayisishiyagalombili nawo asesigabeni sokudwetshwa kanti eyodwa isandakuhlonzwa. Angu-12 ama-projecthi azophothulwa kulo nyaka wezimali.

### 8.4 UKUHLELEKA KWENGQALASIZINDA

UMnyango wethu usebenzisana kakhulu neKhomishana yokuhlela iPlanning Commission yaKwaZulu-Natal. Kumanje uhla layo yonke inqalasizinda selwenziwe kanti kumanje luyacutshungulwa. Ngokuphela kwalo nyaka wezimali sihlela ukuthi sibe sesiluphothulile uhlelo iProvincial Infrastructure Master Plan.

Uhlelo lwethu lokuqala iNkululeko Development Programme eNdumo lube ngenkulu impumelelo kanti futhi lusisize kakhulu ngokusifundisa ukubhekana nezinhlelo zalolu hlobo. Yize uMnyango wezeMfundo kuyiwo ohamba phambili kulolu hlelo kodwa uMnyango wezeMisebenzi yiwo odidiyela ukwenziwa kwalezizinhlelo.

Uhlelo lokusingathwa kwengqalasizinda esifundazweni iKwaZulu Infrastructure Delivery Management System (IDMS)

Umgogodla we-IDMS yeMinyango wezeMpilo, Ezemfundo neMisebenzi yoMphakathi usuphothuliwe futhi waphasiswa yizo zonke izinhlaka ezithintekayo. Lo mgogodla unikezela imigudu ehambisana nomsebenzi othinta inqalasizinda.

I-IDMS ihlelwe ngezigaba ezine okuyilezi ezilandelayo:

- Portfolio management
- Programme management
- Project management
- Operations (kubandakanya nokunakekelwa kwengqalasizinda okuhleliwe nokungahleliwe)

Sigcizelela kakhulu ukuhlukaniswa kwemisebenzi, izinto ezizokwenziwa ngabathile nobuchule bokukwazi ukuthatha izinqumo ezinqala ukuqinisekisa ukuthi konke kwenzeka ngendlela efanele. Amasu anobuchule bokukwazi ukuthatha izinqumo ezinqala ayingxenye yeKZN-IDMS ukuze kuqinisekiswe ukufuqwa kwentuthuko kulo Mnyango.UMnyango uzimisele ngokusebenzisana nazo zonke izinhlaka ezikhona.

Ikomidi eliqondisa i-KZN-IDMS selisungule ama-Focus Group e-IDMS ukuze aqhubeke nezinhlelo ezithile zengqalasizinda ezibandakanya lezi:

- Systems and Processes
- Construction Procurement
- Operations and Maintenance
- Institutional Arrangements and Service Delivery Agreements
- Organisational Development and Human Resource Development

La mathimba amahlanu ama-IDMS ahlangana njalo bese ebika ngokuqhubekayo nyanga zonke ekomidini elihola iKZN-IDMS.

## 8.6 Uhlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP)

UMnyango uphendule ngesikhulu isivinini ikhwelo elishaywe nguMengamelo lokuthi kusungulwe amathuba emisebenzi. Ngiyajabula ukunethulela umsebenzi omuhle owenziwe ilo mnyango ngonyaka wezimali ka-2013/14.

I-EPWP iluchaza lolu hlelo lwamathuba emisebenzi njengomsebenzi oholela abantu isikhathi eside.

- Angu-7 747 amathuba emisebenzi asedaliwe uma kuqhathaniswa nesasizibekele khona okungu- 4 500
- Angu-2 881 amathuba emisebenzi asezingeni le-FTE adalekile kwangu-800 abebekiwe.

Kulo nyaka wezimali ka-2014/15 uMnyango uzibekele umnqamulajuqu wokudala amathuba emisebenzi engu-4500. Ngokuphela kwekota yokuqala angu-3 851 amathuba emisebenzi adalekile. Ingu-800 mimisebenzi esezingeni le-FTE esizibekele yona njengomnqamulajuqu. okwakungumnqamulajuqu. Ngokuphela kwesigaba sokuqala sonyaka ingu-713 imisebenzi esezingeni le-FTE ebisidalekile. IKhabhinethi yesifundazwe ngo-Ephreli 2014 ithathe isinqumo sokuthi uhlelo lwe-EPWP lube ngaphansi koMnyango weMisebenzi yoMphakathi. Njengamanje lolu hlelo luhlelwa ngokubambisana uMnyango weMisebenzi yoMphakathi kanye nowezokuThutha.

Kuhlelwe i-KZN EPWP Indaba ezoba ngoNovemba 2014 njengendlela yokwethula isigaba sesithathu se-EPWP.

## 8.7 Isigaba sesithathu sohlelo iNational Youth Service

Isigaba sesithathu sohlelo iNational Youth Service Programme ehlelelwe isamba semali engu-R 5.2 million luqale ukusebenza kunyaka wezimali u-2013/2014. Abantu abasha abangu-100 baqale

ukuthola uqeqesho ukuze bathole iziqu ze-National Certificate: Building and Civil Construction NQF Level 3.

Bangu 65 abafundi asebephothule iziqu zabo kanti abangu 18 bazoqeda ngasekupheleni kukaSepthemba 2014. Lolu qeqesho kwezokwakha luphasiswe ngabakwa-SETA. Sesifakiwe isicelo sokuthi kuhlinzekwe bonke abafundi asebephothule izifundo zabo kwa-SETA.

### 8.8 Uhlelo lokulekelelwa kwabathile ngezimali yi-CETA (CETA Discretionary Grant Funded Programmes)

UMnyango usukwazile ukuthola imali kwiConstruction Education Training Authority (CETA) engu-R 13, 637, 000. Le mali izosetshenziswa ngonyaka wezimali ka-2014/15 kuya koka 2016/17. Izosetshenziswa ukuqeqesha abantu abangaqashiwe ngolwazi olunzulu. Labo abayobamba iqhaza nazothola amathuba okuthola isipiliyoni somsebenzi, ukuthuthukiswa kwamakhono kanye nokuthola ukwesekwa ukuze bakwazi ukuthola amanye amathuba okufunda.
Lolu xhasomali luzosingatha lezi zinhlelo ezilandelayo:

- Abafundi abangu-120 bazongena ngaphansi kohlelo i-Apprenticeship Programme oluzothatha iminyaka emithathu.
- Abanye abantu abasha abangu-50 bazothola ithuba lokusebenza bebe beqeqeshwa izinyanga eziyishumi nambili.
- Abanye abantu abangu-100 sebehlonziwe ukuze bavivinywe emisebenzini yezandla. Lolu hlelo ludinga ukuthi abantu baveze ukuthi banalo ulwazi olwazi kulo mkhakha. Bonke abazobe bezovivinywa bazoqala ngokuthi benziswe izifundo zokuzama ukubakhumbuza nokuyolandela ngokuthi bavivinywe kulolu hlelo.
- Abanye abangu-150 abasaqeqeshwa bazofakwa ngaphansi kohle.lo iRecognition of Prior Learning (RPL). Abayophumelela bayoklonyeliswa ngezitifiketi eziphasiswe ngabakwa-CETA.

### 8.9 Uhlelo lokunakekela imvelo iKZN Integrated Greening Programme

Lolu hlelo luholwa ihhovisi likaNdunankulu kodwa luhlwlwa uMnyango weMisebenzi yoMphakathi. Lolu hlelo lwenziwa ngokubambisana noMnyango wezoLimo nokuthuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya. IWildlands Conservation Trust ibambisene nathi kanti yona ibheka ukuqhubeka kwalo nsukuzonke. Lolu hlelo lugxile kakhulu ekuqashweni kwabantu abenza imisebenzi ongadingi uqeqesho kuyo.

Ngesikhathi kuphela uMarch kulo nyaka isamba esingu-R 6 498162.00 bese sisetshenzisiwe emalini eyisamba sika R 6.5 million ehlinzekelwe lolu hlelo. Bangu-1 367 abantu ebese beqashiwe ngokuphela kukaMarch kwabangu 1 034 esasizibekele ukubahlinzeka ngamathuba emisebenzi.

Sekutshalwe izihlahla ezingu- 823 061 kwezingu-221 458 esasizibekele ukuthi sizozitshala. Kuqoqwe nemfucuza engu-2 678 605 kg kwengu-1 000 000 kg esasizibekele ukuthi izoqoqwa. have been collected and recycled by Waste-preneurs. Inani lezihlahla ezingu-269 968 zitshaliwe kwezingu-259 792 esasizibekele ukuzitshala.

Sizokwenza isiqiniseko sokuthi lolu hlelo luyaqhubeka lube impumelelo.

**8.10 Uhlelo lokuthuthukiswa komphakathi waseRichmond**

IRichmond Community Development Programme uhlelo olwaphasiswa iKhabhinethi ngo-Okthoba 2013. UMnyango uthole imali enguR44.5 million ezosetshenziswa kuMasipala waseRichmond ukudala amathuba emisebenzi ezohambisana nohlelo i-Operation Sukuma Sakhe.

Uhlelo lolu lubheke kakhulu abantu abangu-960 abasha, amakhubazekile kanye nabaphila ngokukhubazeka abazothola amathuba emisebenzi kulo.

UMnyango uqhubeka nalezi zinhlelo ezilandelayo ukuzama ukudala amathuba emisebenzi kuMasipala waseRichmond:

- Abafundi abangu-100 asebeqashiwe ngaphansi kwe-National Youth Service Programme (NYSP) kanti vele kwakubekwe isibalo sabantu-100 okwakumele baqashwe.
- Abanye abangu-210 nabo baqashiwe ngaphansi kwe-KZN Integrated Greening Programme (KZN IGP). Nakhona kwakuvele kulindeleke ukuthi kuqashwe abantu abangu-210.
- Uhlelo i-Maintanance Programme nalo luqashe abantu abangu-150. Nakhona bekuvele kulindeleke ukuthi kuqashwe abantu abangu-150.

Izinhlelo iNYSP, Maintenance and Greening Programme ziqale ngoFebhuwari 2014.

Uhlelo lweNYSP lokuqeqesha luqale mhlaka 31 March 2014. Ama-Fundamental and Core Unit Standard wona aphothulwe ngomhlaka 13 June 2014. Siphinde saba nohlelo lokuzenzisa isimulation eqale ngomhlaka 17June 2014.

Abantu abazoqeqesha ohlelweni iGreening Programme sebeqokiwe kanti bazoqala umsebenzi wabo ngo-Agasti. Kodwa abanye babantu abayingxenye yalolu hlelo kade beyingxenye yokutshalwa kwezihlahla, ukuqoqwa kwemfucuza kanye noqeqesho lokusebenzisana kusukela ngoFebhuwari 2014.

Uhlelo lokuthuthwa kindle alukaqali okwamanje kodwa uhlelo lokubhekisisa nokucubungula imizi seluqalile. Kulolu hlelo abantu ababekiwe bahola uR10 ngomuzi ngomuzi abawubhalisile. Uhlelo olucacisa ngokuthi ukuthuthwa kwendle kuzohamba kanjalo selwenziwe lwabe seluthunyelwa emnyangweni wezaManzi ukuze uphasise kanti kulindeleke ukuthi lokhu kwenzeke ngoSepthemba 2014.

**8.11 UHLELO LOKUTHUTHUKISWA KOSONKONTILEKA**

Ngokuhambisana nohlelo lukazwelonke lokuthuthukiswa kosonkontileka iNational Contractor Development Programme, uMnyango weMisebenzi yoMphakathi usuqhamuke nesu lokuvusa nokuthuthukisa izigungu zokuthuthukisa osonkontileka ama-Contractor Development Forums ngaphakathi eMnyangweni.

Lesi sigungu sizoba nalezi zinhlaka ezilandelayo:

- Isigungu sesifundazwe
- Isigungu sesiyingi
- Isigungu sesifunda

Lolu hlelo luzokwenziwa bese luphothulwa ngasekupheleni kuka Okthoba 2014.
Lolu hlelo luzobheka lokhu okulandelayo;

- Ukunyusa ulwazi, ukuthuthukisa abaphathi, ukubheka uhlelo lokuzikhulisa kwebhizinisi, ukuthuthukisa izinga kanye nokusebenza ngendlela efanele.
- Ukudluliselwa kwamakhono.
- Ukunyusa iziqu kumbe izitifiketi zomsebenzi.
- Ulwazi lokusingatha imisebenzi.
- Ulwazi olungcono lokusingathwa kwezimali.
- Ubudlelwano obuhle nezikhungo zezimali.
- Ukuthuthukiswa kwezigaba ze-CIDB.
- Amathuba angcono okuthola imisebenzi.
- Ukufuqa uhlelo oluzodala ukuthi uMnyango ukwazi ukushintsha izimpilo zabantu.

UMnyango weMisebenzi yoMphakathi uzokwazi ukwenza lolu hlelo lwawo luphumelele ngokuthi usize ozomabhizinisi abasabancane ngalokhu okulandelayo:

- Ukuhlinzeka ngezinhlelo zokubacija ngamakhono
- Izifundo zokuthuthukisa ulwazi eziphasiswe i-CETA
- Ukubabheka ngeso elibukhali kanye nokubachushisa ezintweni ezibalulekile.
- Ukuhlinzeka ngosizo lokutholakala kwezimali.
- Ukuqinisekisda ukuthuthukiswa kwezigaba zabo ku-CIDB.
- Ukuhlinzeka ngosizo oluhlobonhlobo kanye nokubeseka.

Isigungo sosonkontileka sizothuthukisa izinga lokuxhumana phakathi koMnyango kanye nosonkontileka.

Leli shadi elilandelayo likhombisa isibalo sosonkontileka kanye nezinga abakulo kwi-CIDB:

***Table Four: KwaZulu-Natal CIDB Designation Grades***

| Status | Grade 1 | Grade 2 | Grade 3 | Grade 4 | Grade 5 | Grade 6 | Grade 7 | Grade 8 | Grade 9 | Total |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Ababhalisiwe futhi abasebenzayo | 15234 | 1334 | 637 | 554 | 451 | 354 | 137 | 48 | 9 | 18 758 |
| Bonke ababhalisiwe | 28117 | 2313 | 945 | 889 | 643 | 508 | 175 | 59 | 10 | 33 659 |

### 8.12 ABAHLINZEKA NGEMISEBENZI

Ngemuva kokubheka izinga lezikhundla ezingenzmuntu, kuvele kwacaca ukubaluleka kokuxoxisana babalungele imisebenzi ngokubheka umhlahlandlela we-Professional Service Providers ezohlinzeka ngalokhu okulandelayo:

- Imisebenzi emayelana nokudweba, ukubheka abasebenzi kanye neyokwakha isikhathi esithile ngaphandle kokuzibophezela ngokuhlinzeka abantu imisebenzi ephelele.
- Ulwazi olunzulu emikhakheni ethile, ukudluliselwa kwamakhono kwabanye kanye nokuthuthukisa izinga lolwazi.
- Ukwalulekwa okuzimele ezintweni kumbe emikhakheni ethile, indlela efanele yokwenza izinto kanye nobuchule bokukwazi ukuxazulula izinkinga kalula.

Lapha sigqugquzela abantu besifazane, intsha kanye nabakhubazekile ukuthi bano balibambe iqhaza.

## 9. ISIPHETHO

Somlomo, ngiyangijabulisa ukumemezela ukuthi umnyango wezeMisebenzi yoMphakathi uphinde wenza umsebenzi omuhle kakhulu wokufuqa ngesikhulu isivinini ukuhlinzekwa kwabantu ngezidingo. Ngiyibheke ngabomvu inkulumo mpikiswano ezolandela.

Ngivumele ngithathe leli thuba ngidlulise amazwi okubonga kuNdunankulu wethu ohloniphekile uMnuz Senzo Mchunu, ozakwethu oNgqongqoshe, uSihlalo kanye namalungu ekomidi elibhekelele ukusebenza komnyango wami, amalungu onke alendlu, inhloko yomnyango, izimenenja kanye nabasebenzi bonke kuwo wonke amazing ngeqhaza labo.
Ngifisa nokubonga unkosikazi wami kanye nomndeni wami ngokuqonda umsebenzi wami kanye nokungeseka.

Somlomo kuyangijabulisa ukuthola leli thuba lokuthi ngethule isabelo-mali uBudget Vote 14 wonyaka u-2014/2015 omi kanje:

| ***Table Five: Budget for Vote 14*** | |
|---|---|
| **Programme** | **2014/2015** |
| **Uhlelo lokuQala: Imisebenzi yokuphathwa koMnyango** | **R 332 381 000** |
| **Uhlelo lwesiBili: Ukuphathwa kwezinto ezibalulekile zoMnyango** | **R 615 691 000** |
| **Uhlelo lwesiThathu: Ukuhlinzekwa kwezakhiwo kanye nezinsiza** | **R 422 382 000** |
| **Isamba esiPhelele:** | **R 1 370 454 000** |

Ngiyabonga

